
NguMongameli
uThomas S. Monson



# "Funda Kimi"

EBandleni likaJesu Kristu labaNgcwele beziNsuku zokuGcina, sonke singabafundisi futhi sonke singabafundi. Kuwo wonke umuntu kufika isimemo esimnene esivela eNkosini: "Funda kimi . . . futhi uzothola ukuthula emphefumulweni wakho."[1]

Ngimema bonke abaNgcwele bezinsuku zokugcina ukuba badlinze ngemizamo yabo yokufundisa nokufunda futhi babuke kuMsindisi oyisiBonelo ekwenzeni lokho. Siyazi ukuthi "lothisha ovela kuNkulunkulu"[2] wayengaphezulu kokuba uthisha. Loyo owasifundisa ukuba sithande iNkosi uNkulunkulu wethu ngezinhliziyo zethu zonke, ngemiphefumulo yethu yonke, ngamandla ethu onke, futhi nangemigqondo yethu yonke, futhi nokuthi sithande umakhelwane wethu njengoba sizithanda thina, unguThisha Omkhulu kanye neSibonelo sempilo elungile.

Nguye owathi: "Woza, ngilandele"[3] "Ngikwenzele isibonelo."[4]

### Ngaphandle Kokuthi Niguquke

uJesu wafundisa iqiniso elilula kodwa elijulileyo njengoba libhaliwe kuMathewu Emva kokuba Yena kanye nabafundi Bakhe sebehlile Entabeni yokuGuqulwa, baphumula eGalilee base behamba beya eCapernaum. Lapho abafundi beza kuJesu, bembuza bethi:

"Ubani omkhulu embusweni wasezulwini na?

"uJesu wase ebiza ingane encane, wayihlalisa ngaphambi kwabo,

"Wasethi, Ngiqinisile ngithi kinina, *Ngaphandle kokuba niguquke,* futhi nibe njengezingane ezisencane, anisoze nangena embusweni wezulu."[5]

Ebandleni, injongo yokufundisa ivangeli akukona ukufaka ulwazi ezingqondweni zabantwana bakaNkulunkulu, noma ekhaya, ekilasini, noma kushunyayelwa ivangeli. Akukona ukukhombisa ukuthi umzali, uthisha, noma umfundisi wazi kangakanani. Futhi akuyona injongo ukukhulisa ulwazi ngoMsindisi nangeBandla.

Injongo yokufundisa ukusiza amadodana kanye namadodakazi kaBaba oseZulwini ukuba abuyele Kuye futhi bathokozele impilo yaphakade Naye. Ukufeza lokhu, kumele ukufundisa ngevangeli kubakhuthaze ukuba bahlale endleleni yansuku zonke yokuba yikholwa kanye neyezivumelwano ezingcwele. Injongo wukukhuthaza umuntu ukuba akwazi ukucabanga, ezwe, futhi bese enza okuthize ngokuphila imithetho yevangeli. Injongo ukuba sibe nokholo eNkosini uJesu Kristu futhi *siguqukele* evangelini Lakhe.

Ukufundisa okubusisayo nokuguqulayo nokusindisayo kungukufundisa okuhambisana nesibonelo sikaMsindisi. Abafundisi abenza njengoMsindisi banothando futhi bayabasebenzela labo ababafundisayo. Bakhuthaza labo ababa lalele ngezifundo zaphakade zeqiniso elivela kuNkulunkulu. Baphila izimpilo ezifanele ukuba zilandelwe.

### Thanda futhi usebenzele omunye

Ubufundisi bonke bukaMsindisi babuyisibonelo sothando lukamakhelwane. Nangempela, Uthando kanye nokusebenza Kwakhe kwakuhlezi njalo kwakuyisifundo Sakhe. Ngokufanayo, othisha engibakhumbulayo kakhulu yilabo abebebazi, bebathanda, futhi bebanakekela labo abebebafundisa. Babefuna ukuthola imvu elahlekileyo. Babefundisa izifundo zempilo engizohlala njalo ngizikhumbula.

Omunye walabothisha kwakungu Lucy Gertsch. Wayebazi bonke abafundi bakhe. Ngokungakhathali wayevakashela labo ababengakwazanga ukuphumelela ngeSonto, noma labo ababengakwazanga ukuza nhlobo. Sasazi ukuthi wayesikhathalele. Akekho kithi owamkhohlwa noma izifundo asifundisa zona.

Emva kweminyaka eminingi kamuva, mhlazane uLucy esondela ekupheleni kwempilo yakhe, ngamvakashela. Sasikhumbula lezo zinsuku ngaphambilini, ngenkathi wayenguthisha wethu. Sakhuluma ngelungu ngalinye elalisekilasini lethu futhi sixoxa ngokuthi omunye nomunye wenzani njengamanje. Uthando lwakhe kanye nokunakelela kwakhe kwathatha isikhathi sonke sempilo yakhe.

Ngiyawuthanda umthetho weNkosi otholakala kwiMfundiso neziVumelwano

"Ngini nika umyalelo wokuthi nifundisane imfundiso yombuso.

"Fundisani ngokukhuthala futhi umusa wami uzoba nani"[6]

uLucy Gertsch wafundisa ngokuzinikela ngoba wayethanda ngokungakhathali.

**Nika iThemba neQiniso**

uMpostoli uPetru wathi, " Hlalani nilungele ukubaphendula bonke abanibuza ngesizathu sokuba nethemba elikini."[7]

Mhlawumbe ithemba elikhulu uthisha angalinikeza, ithemba elitholakala eqinisweni levangeli likaJesu Kristu.

Futhi yini lena enizoyethemba na? Kwabuza uMormoni. "Bhekani ngithi kini niyoba nethemba ngenhlawulo kaKristu kanye nangamandla okuvuka kwakhe, ukuthi nivuselwe ekuphileni okuphakade, futhi lokhu kuyoba ngenxa yokholo lwenu kuye njengo kwesethembiso."[8]

Bothisha, phakamisani amazwi enu futhi nifakaze ngobuqiniso bobuNkulunkulu. Fakazani ngeNcwadi kaMormoni. Khulumani ngamaqiniso ababazekayo futhi namahle akulo isu lensindiso. Sebenzisani izincwadi ezigunyaziwe zeBandla ikakhulukazi imibhalo engcwele, ukuba nifundise ngamaqiniso evangeli elibuyisiwe likaJesu Kristu amsulwa futhi acacile. Khumbula umyalezo woMsindisi wokuthi "hlolani imibhalo engcwele; ngokuba nithi ninokuphila okuphakade kuyo: futhi yiyona efakaza ngami."[9]

Siza abantwana bakaNkulunkulu ukuba bazwisise lokho okuyiqiniso futhi okubalulekileyo kulempilo. Basize babe namandla okuba bakhethe izindlela ezizobagcina bephephile endleleni eya empilweni yaphakade.

Fundisa iqiniso, futhi uMoya oNgcwele uzokusiza emizamweni yakho.

**"Funda Kimi"**

Ngenxa yokuthi uJesu Kristu wayelalela ngokuphelele futhi ezithobile kuYise, "Wakhula ngokuhlakanipha nasekukhuleni, nasemseni kuNkulunkulu nakubantu"[10] Ngabe sizimisele ukwenza njalo na? Njengoba uJesu "wathola umusa ngomusa"[11] kufanele sifune ukukhanya kanye nolwazi kuNkulunkulu ngokubekezela nangokungakhathali emizamweni yethu yokufunda ivangeli.

Ukulalela kuyingxenye ebaluleke kakhulu yokufunda. Ngenkathi sizilungiselela ukufundiswa, ngomkhuleko sifuna ukuqinisa okuvela kuMoya oNgcwele. Siyadlinza, sithandaze, senze lokho esikufunda evangelini, futhi sifune intando kaBaba kithina.[12]

uJesu "wafundisa . . . izinto eziningi ngemizekelo,"[13] okudinga izindlebe zokulalela, amehlo okubona, kanye nezinhliziyo zokuzwisisa. Uma siphila ngokufanelekile, singakwazi ukuzwa izwi elinyenyezayo loMoya oNgcwele, ongasifundisa, zonke izinto, futhi "asikhumbuze zonke izinto."[14]

Uma silalela isimemo esimnene esivela eNkosini esithi, "Funda kimi," nathi sithola amandla avela Kuye. Ngakho-ke, masiqhubeke nokulalela, silandele oyisiBonela kithi ngokufundisa njengoba efuna sifundise futhi sifunde njengoba efuna sifunde .

**AMANOTHI**

1. uMathewu 11:29.
2. uJohane 3:2.
3. uLuka 18:22.
4. 3 Nifayi 18:16.
5. uMathewu18:1–3; ukugcizelela okungeziwe.
6. IMfundiso neziVumelwano 88:77-78.
7. 1 uPetru 3:15.
8. uMoroni 7:41.
9. uJohane 5:39.
10. uLuka 23:34.
11. IMfundiso neziVumelwano 93:12.
12. Bheka uJohane 5:30.
13. uMarku 4:2.
14. uJohane 14:26.

## IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

uMongameli uMonson usimema ukuthi "sindlinze ngemizamo [yethu] yokufunda nokufundisa futhi sibuke kuMsindisi oyisiBonelo ekwenzeni lokho." Mhlawumbe ungathanda ukucinga imibhalo engcwele kanye nalabo obavakashelayo ukuba nithole ulwazi

ngezindlela uJesu Kristu ayenfundisa futhi efunda ngazo. Ungaqala ngemibhalo engcwele uMongameli uMonson akhulume ngayo, njengo uMathewu11:29, uJohane5:30, kanye noMarku4:2. Ungakhuluma ngokuthi lokho okufundile ngoKristu kungakusiza kanjani ukuthi "ube namandla avela Kuye."

## IZINGANE

### Ukufunda ngoJesu

UMoya oNgcwele usinikeza imizwa enokuthula esisiza ukuthi sazi ukuthi uJesu uyaphila futhi uyasithanda. Bhala noma udwebe okuthile okufundile ngoJesu.

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ibhalwe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/15. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/15. Ukuhumushwa ko *First Presidency Message, March 2016*. Zulu. 12863 783

# Badalwe ngoMfanekiso kaNkulunkulu.

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ukuthi yikuphi ongafundisa ngakho. Ukwazi kwakho "Umndeni: Isimemezelo eMhlabeni Wonke" kungalukhulisa kanjani ukholo lwakho kuNkulunkulu futhi kubusise labo obabhekile ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole ulwazi oluningi ngalokhu, vakashela ku* ***reliefsociety.lds.org****.*

**Ukholo, Umndeni, Insizakalo**

"UNkulunkulu wathi, Masenze umuntu ngomfanekiso wethu, afane nathi. . . .

"UNkulunkulu wamdala umuntu ngomfanekiso wakhe, wamdala ngomfanekiso kaNkulunkulu; wabadala owesilisa nowesifazane." (uGenesis 1:26–27).

UNkulunkulu unguBaba wethu waseZulwini, futhi usidale ngomfanekiso Wakhe. Ngaleliqiniso uMongameli uThomas S. Monson wathi: "UNkulunkulu uBaba wethu unezindlebe zokuzwa imithandazo yethu. Unamehlo okubona izenzo zethu. Unomlomo wokukhuluma kithi. Unenhliziyo yokuzwela kanye nokuthanda. Ukhona ngempela. Uyaphila. Singabantwana bakhe abadalwe ngomfanekiso wakhe. Sifana Naye futhi Naye ufana nathi."[1]

"Abangcwele beziNsuku zokuGcina babona wonke umuntu njengabantwana bakaNkulunkulu njengoba lokho kunjalo ngempela; bambona wonke umuntu njengovela kuNkulunkulu"[2] Omunye nomunye uyindodana nendodakazi yomoya ethandekayo yabazali basezulwini."[3]

"[Umprofethi] uJoseph Smith waphinde wafunda ukuthi uNkulunkulu ufisa abantwana Bakhe ukuba bathole ukuphakanyiswa okufanayo nalokho Naye akutholile."[4] Njengoba uNkulunkulu eshilo wathi, "Ngokuba bheka, lokhu kungumsebenzi wami nenkazimulo yami, ukufeza ukungafi nokuphila okuphakade komuntu" (uMose 1:39).

### *Eminye imiBhalo eNgcwele*

uGenesisi 1:26–27; 1 AbaseKhorinte 3:17; IMfundiso neziVumelwano 130:1

### *Okuvela Emibhalweni Engcwele*

Umfowabo Jarede eNcwadini kaMormoni wafuna indlela yokukhanyisa izikebhe eziyisishiyagalombili ezazakhelwe ukuthwala amaJaredi ukuba bawele umfula ukuze bafike ezweni lesithembiso. "Wancibilikisa amatshe amancane ayishumi nesithupha edwaleni" futhi wathandaza ukuthi UNkulunkulu "athinte lamatshe" ngomunwe Wakhe "ukuze abakhanyisele ebumyameni." uNkulunkulu "walula isandla sakhe futhi wawathinta amatshe ngalinye." Isisitho sasuswa emehlweni omfowabo kaJarede, futhi wabona umunwe weNkosi; futhi wawunjengomunwe womuntu. . . .

"Futhi iNkosi yathi kuyena: Uzowakholwa yini amazwi engizowakhuluma na?

"Futhi waphendula wathi: Yebo Nkosi."

Futhi "INkosi yaziveza [kumfowabo kaJarede]" yase ithi, "Uyabona ukuthi udalwe ngomfanekiso wami na? Yebo, ngisho bonke abantu badalwa ekuqaleni ngomfanekiso wami. (Bheka-Etere 3:1–17)

**AMANOTHI**

1. uThomas S. Monson, "I Know That My Redeemer Lives," in Conference Report, Apr. 1966, 63.
2. Gospel Topics, "Becoming Like God," topics.lds.org; bona futhi uMose 7:31–37.
3. "Umndeni: IsiMemezelo eMhlabeni Wonke," *Liyahona,* Novemba 2010, 129.
4. Gospel Topics, "Becoming Like God," topics.lds.org; bona futhi *Ukufundisa kwaboMongameli beBandla: uJoseph Smith* (2007), 221.

### *Ake Ucabange Ngalokhu*

Uyazi ukuthi wonke umuntu udalwe ngomfanekiso kaNkulunkulu kusisiza kanjani uma sihlangene nabanye abantu na?

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Ibhalwe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lesi sifundo sikhishwe: 6/15. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/15. Ukuhumushwa ko *Visiting Teaching Message, March 2016.* Zulu. 12863 783